

Publication: IsolezwengeSonto (Sport)
Publication Date: 14 May 2017
Page: 29

AVE: 30316.77
Circulation: 74077
Part: 1 of 1

# Uzigwaze ngowakhe uPhiri edelela umyalelo weqembu

NHLANHLA SITHOLE

UMQEQESHI wonozinti kuMaZulu naseqenjini lesizwe laseZambia, uDavis Phiri, uzoqondiswa ubugwegwe ngokushaya indiva umyalelo wemenenja jikelele yaleli qembu uLunga Sokhela, wayokwethamela izifundo zabaqeqeshi bonozinti emaqenjini ezizwe zase-Afrika ebezihlelwe yiCAF, eCameroon ngesonto eledlule.

Lo mqeqeshi ubengabonwa nangokhalo emdlalweni uSuthu olushaye khona iSantos ngo-3-0, ePrincess Magogo Stadium, KwaMashu ngesonto eledlule.

NgoLwesithathu eKing Zwelithini Stadium, eMlaza ubehlezi nezithameli AmaZulu ebhuqabhuqa iJomo Cosmos.

Ethintwa ngale ndaba uPhiri uthe ubeseCameroon lapho bekumenywe khona bonke onozinti bamaqembu esizwe e-Afrika ukuyofunda izifundo zabaqeqeshi ebezihlelwe yiCAF.

"Namhlanje (ngoLwesine) banginike incwadi ethi ngizoqondiswa ubugwegwe.

"Empeleni lezi zifundo kwakufanele zibe ngoMeyi 8 kuya ku-10. Ngithe uma ngibona ukuthi ngeke ngibe khona imidlalo emibili ngabe sengicela ukuthi bahlele izinsuku ngenye indlela okuyilapho kube sekuba umhlaka-5 no 8. Ngithe uma ngibheka imidlalo ngabona ukuthi ngeke ngibe khona umdlalo owodwa. Ngikhulume nomqeqeshi (uJoey Antipas) ngimtshela ukuthi umdlalo owodwa vo, engingeke ngibe khona wathi ngeke lokho kube yinkinga kodwa usazoba nomhlangano noLunga," kuchaza uPhiri.

Ngenxa yokuthi ngethemba ukuthi umhlangano wabo uzophuma nesinqumo esingivunayo ngahamba. Ngeshwa ngathi uma sengise-Airport ngathola umbiko othi, cha.

"Ayikho into engangibe ngisayenza ngoba ngase ngihambile nethikithi lendiza selikimina. Ngesikhathi ngikhuluma noLunga kuqala ngaphambi kokuthi ngiye kumqeqeshi wangenqabela."

UNhlanhla Mkhathini, obhekene nezokuxhumana kuleli qembu uphawule wathi: "Nami ngizwe kuthiwa akekho ngoba ubeseCameroon lapho ebeyothamela khona izifundo zokuqeqesha." Ebuzwa ukuthi ngabe uzoqondiswa yini ubugwegwe njengoba ebengagunyaziwe uthe lokho kungaba yinto

**ILOG YENATIONAL FIRST DIVISION**

| Amaqembu | P | W | D | L | GF | GA | Pts |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Thanda | 29 | 16 | 11 | 2 | 50 | 23 | 59 |
| Leopards | 29 | 14 | 8 | 7 | 44 | 34 | 50 |
| AmaZulu | 29 | 14 | 5 | 10 | 52 | 36 | 47 |
| Stellenbosch | 29 | 13 | 7 | 9 | 38 | 29 | 46 |
| Eagles | 29 | 12 | 9 | 8 | 49 | 36 | 45 |
| Spurs | 29 | 12 | 8 | 9 | 39 | 36 | 44 |
| Mbombela | 29 | 11 | 8 | 10 | 40 | 10 | 41 |
| Bucks | 29 | 9 | 13 | 7 | 36 | 36 | 40 |
| Kings | 29 | 9 | 9 | 11 | 35 | 38 | 36 |
| Pretoria | 29 | 10 | 6 | 13 | 32 | 39 | 36 |
| All Stars | 29 | 8 | 11 | 10 | 23 | 27 | 35 |
| Cosmos | 29 | 9 | 8 | 12 | 30 | 36 | 35 |
| Milano | 29 | 10 | 2 | 17 | 34 | -21 | 32 |
| Magesi | 29 | 8 | 7 | 14 | 34 | 43 | 31 |
| FC CT | 29 | 7 | 10 | 12 | 34 | 49 | 31 |
| Santos | 29 | 4 | 10 | 15 | 16 | 39 | 22 |

yangaphakathi eqenjini.

"Ukuqondiswa ubugwegwe kungaba yinto yangaphakathi okungeke kwaba yinto yabemithombo yabezindaba," kubeka uMkhathini.

Namuhla AmaZulu azodlala neFC Cape Town emdlalweni okufanele anqobe ukuze akwazi ukuzibekisela indawo kumaPlay Off. Elinye iqembu laKwaZulu-Natal elisethubeni yiRoyal Eagles ezodlala neWitbank Spurs eMbombela Stadium.

**Imidlalo yokugcina yeNFD namuhla ngo-3 ntambama.**

Leopards v Mthatha Bucks (Thohoyandou Stadium); Cosmos v University of Pretoria (Tsakane Stadium); Witbank Spurs v Royal Eagles (Puma Rugby Stadium); FC Cape Town v AmaZulu (NNK Rugby Stadium); Stellenbosch FC v Santos (Athlone Stadium); Cape Town All Stars v Milano United (AFC Parow Park); Mbombela United v Magesi FC (Kanyamazane Stadium); Real Kings v Thanda Royal Zulu FC (Sugar Ray Xulu Stadium)



UMQEQESHI wonozinti kuMaZulu uDavies Phiri okulindeleke ukuthi aqondiswe ubugwegwe ngemuva kokuhamba engashongo eya eCameroon

Isithombe: WWW. AMAZULUFC.NET

This article is copyright protected and licensed under agreement with DALRO. Redistribution, modification, re-sale of this is not allowed without prior written consent of the original author of the works.